

Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha



Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters Business Park, 45 Willowton Road, Willowton, Pietermaritzburg 3201, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, KwaZulu-Natal, South Africa

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2022

First edition 2022

This is an isiZulu reading series: Izinyathelo Zokufunda

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia* , a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

UKuku ufuna iqanda lakhe 1

Ukuku uya ezitolo 7

Siqoqa amaqanda ethu 13

UKuku epulazini 19

Imikhiqizo kaKuku 26

Masibambaneni 33

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge **olubomvu** ezisezingeni lesibili ezalaba bafundi **abasebangeni loku-1**. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi abasezingeni lesi-2. Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi ezisezingeni lesi-2.

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma lokufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko sencwadi ‘UKuku ufuna iqanda lakhe’ (Izinga lesi-2)

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

UKuku ufuna iqanda lakhe

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
lakhe	uKuku
phambi	Nono
phansi	Bathathe
phezu	kwetafula
ufuna	lami
liphi	lutho

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, “Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusesikoleni, noma ekhaya? Usho ngani?”
- **Buza,** “Ubona ini? Uyalikhumbula igama lenkukhu, ubani? Ubukeka sengathi kukhona akufunayo, qagela ukuthi ufunani?
- **Babonise** igama, **‘uKuku’.**
- **Yethula** isihloko sencwadi: **‘UKuku ufuna iqanda lakhe’**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal.

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** incwadi yabhalwa ngo 2016 babonise nenombolo yencwadi.

Vula ikhasi -1

- **Buza** ubani lo? Ubona amaqanda amangaki? Yini ndaba isihloko sithi uKuku ufuna iqanda lakhe ngoba akhona amaqanda amabili?
- **Babonise** igama, ‘iqanda’
- Yisho, “Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kukuthi bayohlala phansi.

uKuku/ ufuna/ iqanda/ lakhe/ > 5 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Cozulula amagama ngokwemisindo	
uKuku	u/K/u/k/u/
ufuna	
iqanda	
lakhe	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UKuku ufuna iqanda lakhe'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 1

Bakhumbuze la nigcine khona.

Buza, "Mangaki amaqanda? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Obani laba? Nisamkhumbula uNono ezincwadini zezinga lokuqala? Ucabanga ukuthi uthini uKuku kuNono?"
- **Babonise** igama, '**uNono,** imithinyane'
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "W**enzani uKuku? Ucabanga ukuthi ulifuna kuphi uKuku iqanda? Ingabe uzolithola ngaphansi kwetafula?"
- **Babonise** igama 'phansi, kwetafula, Lutho' Chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi usezolifuna kuphi uKuku iqanda lakhe?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- Buza, "Ufuna kuphi manje uKuku? Ucabanga ukuthi uzolithola yini iqanda lakhe?"
- Babonise amagama **'phezu'** chaza**.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi usezolifuna kuphi uKuku iqanda lakhe?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- Buza, "Ulifuna kuphi manje uKuku iqanda? Ucabanga ukuthi uzolithola yini iqanda lakhe?"
- Babonise amagama **'phambi'** chaza.
- **Buza**, "Qagela ukuthi usezolifuna kuphi uKuku iqanda lakhe?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- Buza, "Ulifuna kuphi manje uKuku iqanda? Ucabanga ukuthi uzolithola yini emuva kwetafula?"
- Babonise amagama '**emuva**' chaza.
- **Buza**, "Qagela ukuthi usezolifuna kuphi uKuku iqanda lakhe?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Ulifuna kuphi manje uKuku iqanda lakhe? Ucabanga ukuthi uzolithola yini iqanda lakhe? Konje ubani igama lenja?"
- Babonise igama '**uBathathe'**
- **Buza**, "Qagela ukuthi usezolifuna kuphi uKuku iqanda lakhe?"
- **Yisho,** "Sizogcina lapha. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukuzwa nokucozulula imisindo yezinhlamvu emagameni. Shaya izandla emisindweni yezinhlamvu.
Nono, phansi, kwetafula, lutho, phezu, phambi,

Umsebenzi

Hlukanisa imisindo yamagama	
Nono	N/o/n/o/
phansi	
kwetafula	
lutho	
phezu	
phambi	
emva	

Esifundweni sesi-3

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UKuku ufuna iqanda lakhe'**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi

- **Bafundele** umusho.
- **Buza, "Ubani obuza lombuzo**? Ingabe abamangaki kanti amaqanda kaKuku?"
- **Bakhumbuze** igama, **'iqanda'** .
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -2.**
- **Buza, "**Ingabe uyalazi yini uNono iqanda likaKuku uma ucabanga?"
- **Babonise uphawu '?' umbuzi, chaza** ukuthi lusebenza nini.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 3.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi 'lutho'?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -4.**
- **Buza, "**Ulifuna kuphi iqanda uKuku?
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Ingabe ulitholile phansi kwetafula?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ulifuna kuphi iqanda uKuku?
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ingabe ulitholile phezu kwetafula?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi ingabe uzolithola yini uKuku iqanda lakhe ngesikhathi esilandelayo."

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abehlulayo.




Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.




Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UKuku ufuna iqanda lakhe'**

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza, "**Konje sithe ulifuna kuphi iqanda uKuku? Qagelani usezolifuna kuphi ekhasini elilandelayo? Konje bekusho ukuthini ukuthi **'lutho'**?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- Buza, "Ulifuna kuphi uKuku iqanda? Ingabe uzolithola yini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Ulitholile yini? Kusho ukuthini ukuthi lutho? Qagela uzolifuna kuphi manje iqanda?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- Buza, "Ulifuna kuphi uKuku iqanda? Ingabe uzolithola yini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Ulitholile yini? Kusho ukuthini ukuthi lutho? Qagela uzolifuna kuphi manje iqanda?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- Buza, "Ulifuna kuphi uKuku iqanda? Ingabe uzolithola yini uma uBathathe esukuma, usho ngani?"
- Bakhumbuze igama **'Bathathe'**.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ulitholile yini? Qagela usezolifuna kuphi manje iqanda?"

Vula ikhasi 14

- **Buza, "**Bheka uKuku, ucabanga ukuthi uthini njengoba ephakamise amaphiko? Uphi uBathathe manje?
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi **'gegege... gekege'**?"
- **Chaza** ukuthi sisuke sikhalelani kanje isikhukhukazi.

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'k'.

Mabashaye izandla kumalunga amagama.

uKuku > u/Ku/ku
iqanda > i/qa/nda/
phezu > phe/zu/
phambi > pha/mbi/
emva > e/m/va/

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
uKuku	u/Ku/ku
iqanda	
phezu	
phambi	
emva	
lutho	
ufuna	

Esifundweni 5

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku efuna iqanda lakhe.




- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, noBathathe
- **Buza,** “Ubani ozoba imithinyane kaNono?
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye basiza abalingiswa.”

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

- **Buza,** “Wawungenzenjani uma wawunguKuku ulahlekelwe yiqanda?”

Umsebenzi 5

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo	Izithombe	Inombolo 1-5
Emva kwetafula.		
Phezu kwetafula.		
Phambi kwetafula		
Phansi kwetafula.		
Liyephi		

Isihloko sencwadi ‘Ukuku uya ezitolo’ (Izinga lesi-2)

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

UKuku uya ezitolo

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ozalelayo	uKuku
owazalele	amaqanda
niwathathephi	ubani
awethu	awami
ezitolo	uya
niwacele	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buze**, “Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusekhaya, noma esitolo? Usho ngani?”
- **Buza,** “Ubona ini? Uyalikhumbula igama lenkukhu, ukuthi ubani? Obani laba ahamba nabo? Qagela ukuthi uzothenga ini? Ingabe izokhuluma ngani lencwadi?”
- **Babonise** amagama, **‘uKuku, amachwane’**chaza**.**
- **Yethula** isihloko sencwadi: **‘UKuku uya esitolo’**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** incwadi yabhalwa ngo 2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi.

Vula ikhasi -1

- **Buza,** “Ubani lo, uhamba nobani? Ingabe bayaphi uKuku namachwane akhe? Uma uzwa isihloko sithi uyaphi?”
- **Babonise** igama, **‘ezitolo’**
- **Yisho,** “Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kukuthi bayohlala phansi.

uKuku/ uya/ ezitolo/ > 3 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Cozulula amagama ngokwemisindo	
uKuku	u/K/u/k/u/
uya	
ezitolo	
amachwane	
siya	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UKuku uya ezitolo'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 1

- **Bakhumbuze** la nigcine khona.
- **Buza,** "Uyaphi uKuku namachwane akhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza**, "Kukuphi la? Ingabe ubonani? Ucabanga ukuthi uthini uKuku uma ebona amaqanda amaningi kangaka? Ucabanga ukuthi uzowathenga yini?"
- **Babonise** amagama, '**maqanda, lawa'**
- **Buza, "**Yini enye oyibonayo ekhasini -3?"
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza,** "Wenzani uKuku? Ucabanga ukuthi uthini ngamaqanda abawabonayo? Ingabe uzowathenga yini?"
- **Babonise** igama 'bawathathaphi' Chaza kusho ukuthi.
- **Buza**, "Qagela ukuthi uzobabuza yini esitolo ukuthi bawathathaphi amaqanda amaningi kangaka? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ubani lona ophakamisa izandla? Ucabanga ukuthi ubalekelani uKuku namachwane akhe?"
- **Babonise** amagama **'wozani'** chaza.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ingabe uthini uKuku njengoba ephethe amaqanda? Ucabanga ukuthi kukuphi lapha? Kusesitolo noma ekhaya?"
- Babonise amagama **'owazalele'** chaza.
- **Buza**, "Qagela ukuthi bazothini laba uma bebona uKuku ephethe amaqanda?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- Buza, "Ukuphi manje uKuku namaqanda? Ucabanga ukuthi ubabuza ukuthini?"
- Babonise amagama '**ozalelayo, niwacele**'chaza.
- **Buza**, "Qagela ukuthi uzowathatha yini uKuku amaqanda lawa?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Ingabe uwasaphi uKuku amaqanda manje? Ucabanga ukuthi uzowenzani amaqanda lawa?"
- Babonise igama '**awami**' chaza
- **Buza**, "Qagela ukuthi usezowenzani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina lapha. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukuzwa nokucozulula imisindo yezinhlamvu emagameni. Shaya izindla emisindweni yezinhlamvu.

UKuku, ozalele, awethu, bawathathaphi, sizofuna, wozani, owazalele.

Emva kokubasiza banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa imisindo yamagama	
uKuku	u/K/u/k/u/
ozalele	
awethu	
bawathathaphi	
sizofuna	
owazalele	
wozani	

Esifundweni sesi-3

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UKuku uya ezitolo'**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi -1

- Bafundele umusho.
- **Buza, "Ubani oya ezitolo?** Ingabe bayothenga ini ezitolo?"
- **Bakhumbuze** igama, **'ezitolo'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -2.**
- **Buza, "**Ingabe ubani obuza lombuzo? Ucabanga ukuthi akaKuku yini lamaqanda?"
- **Babonise uphawu '?' umbuzi, chaza** ukuthi lusebenza nini.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 3.**
- **Buza**, "Ubani lo okhulumayo? Ingabe awabo oKuku ngempela lamaqanda?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -4.**
- **Buza, "**Ake usho ukuthi wena uthi bawathathaphi amaqanda abantu abanezitolo? Ingabe bawakha engadini noma esihlahleni?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Ingabe bazolithola yini iqiniso lokuthi bawathathaphi amaqanda abasezitolo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi ubani lo othi 'wozani'?
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ingabe ubani lo othi, ku ku ku? Yini ethi, ku ku ku uKuku manje"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi ingabe babalekelani manje oKuku namachwane akhe nokuthi lenzani leli phoyisa."

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abehlulayo.




Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.




Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UKuku uya ezitolo'**

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza, "**Konje ubani obememeza ethi, 'Wozani!'? Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo? Konje bekusho ukuthini ukuthi **'ku ku ku ku!'**?

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- **Buza,** "Ubani obuzayo? Ucabanga ukuthi ubuza kubani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Obani laba ababuza kubo uKuku? Qagela ukuthi bazophendula bathini?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- Buza, "Ingabe ubani ozalelayo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bazophendula bathini futhi obani bona laba? Qagelani ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- Buza, "Ubani othi, 'Awami amaqanda? Ingabe uwathathile noma uwathengile amaqanda? Ingabe abanikazi zitolo laba ababuza ngamaqanda?
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- Qagela indaba izophela kanjani?"

Vula ikhasi 14

- **Buza, "**Bheka uKuku, ucabanga ukuthi uthini njengoba ebeka amaqanda etafuleni?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuwaqoqa amaqanda? Ingabe bazowaqoqa kuphi noma ezitolo?"
- **Chaza** ukuthi ukwenzani ukuqoqa into.
- **Yisho** ukuthi ngesikhathi esilandelayo nizodlala umdlalo ngendaba.

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'y'.

Mabashaye izandla emisindweni yezinhlamvu.

uya > u/y/a (3 imisindo)
yimi > y/i/m/i (4 imisindo)
ozalelayo > o/z/a/l/e/l/a/y/o/ (9 imisindo)

Banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwemisindo	
yimi	y/i/m/i/
uya	
siya	
siyawafuna	
ozalelayo	
yena	

Esifundweni 5

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku eya ezitolo.


- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abazoba abalingiswa?” uKuku, iphoyisa, abanikazi besitolo.
- **Buza, “O**bani abazoba amachwane kaKuku?
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye bazosiza abalingiswa.”

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

- **Buza, “W**awungenzenjani uma wawungumnikazi sitolo ubuzwa inkukhu ukuthi uwathathephi amaqanda?”

Umsebenzi

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo	Izithombe	Inombolo 1-6
Awethu lawa maqanda.		
Siya ezitolo.		
Sibuza kinina		
Ku ku ku ku!		
Sizowaqoqa amaqanda ethu.		
Niwacele kubani?		

Isihloko sencwadi ‘Siqoqa amaqanda ethu’ (Izinga lesi-2)

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Siqoqa amaqanda ethu

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
siqoqa	ethu
onivalele	amaqanda
Gege ge	ubani
ijele	lalelani
bayawadayisa	zabo
nivalelwe	wozani
nizozifundisa	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusekhaya, noma esitolo? Ubonani phakathi kulendlu?"
- **Buza,** "Ubona ini? Uyalikhumbula igama lenkukhu, konje uKuku wabonani esitolo? Qagela ukuthi izokhuluma ngani lencwadi?"
- **Babonise** igama, **'siqoqa'** chaza ukuthi ukwenzani ukuqoqa.
- **Yethula** isihloko sencwadi, **'Siqoqa amaqanda ethu'.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Lencwadi eyesithathu zikhona ezinye ezintathu ezisele zezinga lesibili. Sizozifunda uma siqeda le. Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** incwadi yabhalwa ngo 2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi.

Vula ikhasi -1

- **Buza, "Kwenzakalani la?** Ingabe ukuphi uKuku futhi yini le ayiphethe. Sengathi uyamemeza, ucabanga ukuthi uthini?"
- **Babonise** igama, **'sizoxoxa'** chaza.

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza**, "Kukuphi la? Ingabe ubonani? Ucabanga ukuthi uthini uKuku?"
- **Babonise** amagama, **'onivalele, univalelelen**i' chaza kusho ukuthini.
- **Buza, "**Yini enye oyibonayo ekhasini -3? Kanti kukuphi lapha okugcwele khona amachwane?"
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kokuthi bayohlala phansi.

siqoqa/ amaqanda/ ethu/ > 3 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Cozulula amagama ngokwemisindo	
siqoqa	s/i/q/o/q/a/
amaqanda	
ethu	
sizoxoxa	
univalelelen	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Siqoqa amaqanda ethu'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 2 ne-3

Bakhumbuze la nigcine khona.

Buza, "Umemeza uthini uKuku kulamachwane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "W**enzani uKuku? Ucabanga ukuthi uthini ngamaqanda abo? Bawenzani amaqanda abantu?"
- **Babonise** amagama 'lalelani, bayawadayisa' Chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Ucabanga bazothini uma uKuku ethi abayoqoqa amaqanda abo? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe amachwane lawa noma izinkukhu ezindala? Konje zikhala kanjani izinkukhu? Zizokwazi yini ukuphuma lezi zinkukhu?"
- **Babonise** amagama **'gege ge, ku ku ku'** chaza kusuke kwenzenjani.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ingabe uthini uKuku njengoba sengathi uyamemeza? Ucabanga ukuthi kukuphi lapha? Bakhiyeleni? Ingabe uKuku uzozivulela yini izinkukhu ezinye?"
- Babonise amagama **'ijele, basiphuca'** chaza.
- **Buza**, "Qagela ukuthi zizogcina zikwazile yini izinkukhu ukuphuma la?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- Buza, "Uyamemeza futhi uKuku, uthini uma ucabanga? Laba abathatha amaqanda ezinkukhu bawenzani?"
- Babonise amagama '**kukhona, bayawadayisa'** chaza**.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Ingathi uyaqhubeka uKuku nokukhuluma, ucabanga ukuthi usethini manje? Yini indaba kuvalelwa izinkukhu? Ubani owake wabona izinkukhu zivalelwe, yisho kwakukuphi?"
- Babonise igama '**ziyafunda, nivalelwe, nizozifundisa'** chaza.
- **Buza**, "Qagela ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina lapha. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba izophela kanjani."

Basize bakwazi ukuzwa nokucozulula imisindo yezinhlamvu emagameni. Shaya izindla emisindweni yezinhlamvu.

Ziyafunda > z/i/y/a/f/u/nd/a/

nivalelwe, nizozifundisa, bayawadayisa, lalelani, basiphuca

Emva kokubasiza banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa imisindo yamagama	
ziyafunda	z/i/y/a/f/u/nd/a/
nivalelwe	
nizozifundisa	
bayawadayisa	
lalelani	
basiphuca	
bayasivalela	

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** indaba.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siqoqa amaqanda ethu'**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi -1

- Bafundele umusho.
- **Buza, "Ubani othi wozani?** Ingabe ubiza obani?"
- **Bakhumbuze** igama, **'sizoxoxa'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza, "**Ingabe ubuza bani uKuku?
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- Buza, "Ingabe obani abavalela izinkukhu futhi bazivalelelani?"
- **Babonise uphawu '?' umbuzi, chaza** ukuthi lusebenza nini.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 3.**
- **Buza**, "Ubiza bani uKuku? Ingabe bazoxoxa ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza, "**Yini afuna bayilalele? UKuku usho kobani ukuthi abalalele?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe obani laba abathatha amaqanda abo? Bawathatha kanjani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5**
- **Buza,** "Bawenzani amaqanda abantu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Kusuke kwenzenjani uma isikhukhukazi sikhala kanje?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Obani ababuza ukuthi bazophuma kanjani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -7.**
- **Buza**, "Kusuke kwenzenjani uma isikhukhukazi sithi, ku ku ku?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi ingabe bayogcina bephumile yini."


Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abehlulayo.



Isithupha –
- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba –
- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi –
- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –
- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –
- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Banike umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa amagama ngokwemisindo	
wozani	w/o/z/a/n/i/
sixoxe	
univalelelelni	
bayawadayisa	
bawadle	
babhake	

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siqoqa amaqanda ethu'**

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani la? Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo? Konje bekusho ukuthini ukuthi **'ku ku ku ku!'**?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- **Buza,** "Iliphi ijele uKuku akhuluma ngalo? Obani abasejele?"

Akufunde omunye umfundi ekhasini -9

- **Buza**, "Obani laba ababaphuca amaqanda abo oKuku? Qagela ukuthi usezothini futhi uKuku ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- Buza, "Ingabe uwabone kanjani uKuku amaqanda ezitolo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bawathathaphi amaqanda abantu bezitolo? Qagelani ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- Buza, "Obani kanti abavalelwe la? Ingabe banezingane yini laba abavalelwe?
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- Buza, "Ingabe ziyafunda yini kanti izingane zezinkukhu? Qagela indaba izophela kanjani?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ingabe abantu bazithatha bazivalele kuphi izingane zezinkukhu? Konje babizwa ngokuthini abantwana benkukhu?"
- **Chaza** ukuthi zifuywa kanjani izinkukhu epulazini.
- **Buza,** "Obani abake babona lapho kuthengiswa khona izinkukhu? Kwenzakalani"
- **Yisho** ukuthi ngesikhathi esilandelayo bazodlala umdlalo ngendaba.

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'q'.

Mabashaye izandla emisindweni yezinhlamvu.
siqoqa >s/i/q/o/q/a/ (6 imisindo)
amaqanda > a/m/a/q/a/nd/a/ (7 imisindo)

Banikeze umasebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwemisindo	
amaqanda	a/m/a/q/a/nd/a/
siqoqa	
qoqa	
qeda	
qina	
qubula	
qaphela	

Esifundweni 5

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku eya ezitolo.




- **Yisho,** “Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abalingiswa kulendaba? Ubani ozoba uKuku, iphoyisa, izinkukhu?”
- **Buza,** “Obani abazoba amachwane?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye bazosiza uKuku uma ekhuluma.”

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

- **Buza, “W**awungenzenjani uma wawuyilezi zinkuku uKuku ayethi sivalelwe eJele?”

Umsebenzi 5

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo	Izithombe	Inombolo 1-6
Ijele lelo, ijele lelo, phumani!		
Wozani sizoxoxa		
Ubani onivalele?		
Sizophuma kanjani lapha?		
Angithi bayazithatha bayozivalela kude nani.		
Ezitolo zabo kukhona amaqanda ethu.		

Isihloko sencwadi ‘UKuku epulazini’ (Izinga lesi-2)

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

UKuku epulazini

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
epulazini	ethu
lithuthani	amaqanda
siyanyamalala	ubani
isifundo	uKuku
okwamanje	ethu
buyisani	lapho
wayezimisele	
kunyenyeza	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Konje sigcine uKuku enzani encwadini yethu yesi-3? Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe kusekhaya, noma esitolo? Usho ngani?"
- **Buza,** "Ubona ini? Yini ndaba kulenga amaqanda elolini? Qagela ukuthi izokhuluma ngani lencwadi uma ubheka izithombe zekhava?"
- **Babonise** igama, **'epulazini'** chaza ukuthi kwenziwa ini lapho.
- **Yethula** isihloko sencwadi, **'UKuku epulazini'.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Lencwadi eyesi-4, zikhona ezinye ezi-2 ezisele zezinga lesibili. Sizozifunda uma siqeda le. Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** incwadi yabhalwa ngo 2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi, ISBN.

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe ukuphi uKuku futhi yini le ayiphethe. Sengathi uyamemeza, ucabanga ukuthi uthini? Yini indaba iloli lilenga amaqanda?"
- **Babonise** igama, **'iloli lokuthutha'** chaza ukuthi lithutha ini.
- Abaqagele kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo**.**

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza**, "Kukuphi la? Ingabe kwenzakalani? Ucabanga ukuthi zivalelwe ubani izinkukhu eziningi kangaka futhi uzivalelelelni?"
- **Babonise** amagama, '**nasemini, liqoqe'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi zicabanga ini lezi zinkukhu ezivalelwe la?"
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kukuthi bayohlala phansi.

UKuku epulazini/ > 2 amagama

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.
uKuku> u/k/u/k/u/ (5 imisindo
epulazini > e/p/u/l/a/z/i/n/i/ (9 imisindo)

Umsebenzi

Banikeze lomsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Cozulula amagama ngokwemisindo	
uKuku	s/i/q/o/q/a/
epulazini	
lithuthani	
amaqanda	
nasemini	
iloli	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UKuku epulazini'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 2 ne-3

Bakhumbuze la nigcine khona.

- **Buza,** "Ingabe zijabulile lezi zinkukhu njengoba zivalelwe la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "Kw**enzekani la? Ucabanga ukuthi bazozenzani lezi zinkukhu? Bawenzani amabhokisi laba bantu?"
- **Babonise** amagama '**siyanyamalala, abathathwa'** Chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Ucabanga uzothini uKuku uma ebona izinkukhu zihlatshiwe? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe badla inyama yani kuleli khaya? Ubani othanda inyama yenkukhu?"
- **Babonise** amagama **'sizobafundisa isifundo, okwamanje'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ingabe uthini uKuku njengoba sengathi uyamemeza? Ucabanga ukuthi liphetheni iloli futhi liyaphi? Ingabe uKuku uzolifica yini iloli?"
- Babonise amagama **'wagijima, buyisani'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi uKuku uzogcina elificile yini iloli?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Kwenzakalani manje futhi ucabanga ukuthi uthini uKuku? Wenzani manje uKuku phezu kweloli?"
- **Babonise** amagama '**wayezimisele, bezowathulula, angasiphuca**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Kwenzakalani manje la? Ucabanga ukuthi uthini uKuku njengoba elunguza kancane emuva kwamabhokisi? Ingabe kukuphi la?"
- **Babonise** igama '**nabezitolo, basiqonela, kunyenyeza**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina lapha. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba izophela kanjani."

Basize bakwazi ukuzwa nokucozulula imisindo yezinhlamvu emagameni. bashaye izindla emisindweni yezinhlamvu.

lithuthani > l/i/th/u/th/a/n/i/

nasemini, liwayisa, siyanyamalala, abathathwa, isifundo

Emva kokubasiza banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa imisindo yamagama	
sizobafundisa	s/i/z/o/b/a/f/u/nd/i/s/a/
sizobalandela	
siyanyamalala	
okwamanje	
siyawafuna	
wayezimisele	
angasiphuca	

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** indaba.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UKuku epulazini.**
- **Buza,** "Ingabe ikhuluma ngani lendaba njengoba sizibonile izithombe?"
- **Bafundele** isihloko sencwadi**.**

Vula ikhasi -1

- Bafundele umusho.
- **Buza, "**Ubani lo obuzayo? Ingabe ubuza bani?"
- **Bakhumbuze** igama, **'lithuthani'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza, "**Yini le efika ekuseni nasemini? Ingabe liqoqa ini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini indaba izinkukhu zikhuluma ngokwesaba?"
- **Babonise** igama **'ngokwesaba'** chaza ukuthi kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza, "**Usho ngani uKuku ukuthi akuwona amaqanda abo kuphela aphelayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Usho ngani uKuku ukuthi nabo bayanyamalala? Kusho ukuthini ukunyamalala?"
- **Babonise** igama **'ukunyamalala'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Ingabe obani abathathwayo? Babathatha babayise kuphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ingabe sifundo sini uKuku azosifundisa abantu? Yini indaba uKuku ethi uzobafundisa isifundo, ingabe ujabulile yini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -7.**
- **Buza**, "Usho ukuthini uKuku uma ethi okwamanje uzolandela indaba yamaqanda? Ingabe amaqanda abalulekile kunezinkukhu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8.**
- **Buza, "**Yini indaba uKuku egijima kangaka emuva kweloli? Ufuna ini?
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -9.**
- **Buza**, "Ingabe usho kobani uKuku ukuthi babuyise amaqanda abo?"
- **Babonise** uphawu **'!' umbabazi,** chaza usebenza kanjani.
- **Yisho, "**Sizogcina la namuhla, siyoqhubeka sizwe ukuthi ingabe uKuku uzogcina ewatholile yini amaqanda abo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abangakwazi ukuwafunda.




Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.




Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Banike umsebenzi uma sebeyohlala phansi. Abaqale ukuzakhele esabo isichazamazwi ngamagama amasha asendabeni.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo yawo

Ulwazimagama	incazelo
Ukunyamalala	ukulahleka
buyisani	Ukuletha into obuyithathile
Wagijima	Ukuxosha into
isifundo	Into ethile efundiswayo
ngokwesaba	ngokungazethembi

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UKuku epulazini'**

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani la? Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo? Konje sithe lusho ukuthini lolu phawu **'!'**?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza,** "Yini ayezimisele ngayo uKuku? Kusho ukuthini **ukuthululula**?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Obani laba ababaphuca amaqanda abo oKuku? Qagela ukuthi usezothini futhi uKuku ekhasini elilandelayo ngoba uthi ngeke athule?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- Buza, "Kukuphi kanti la okunamaqanda amaningi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bawalanda kuphi amaqanda abantu bezitolo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -13**
- **Buza,** "Ingabe ubabazani kangaka uKuku?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuqonela? Ukwenzani ukunyenyeza? Qagelani ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- Buza, "Usho kobani uKuku ukuthi bangabe besanyakaza? Ucabanga bazothini abantu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini indaba uKuku ebuza imibuzo eminingi kangaka? Babewayisaphi amaqanda amaningi kangaka? Ucabanga ukuthi bazomphendula yini uKuku?"
- **Chaza** ukuthi zifuywa kanjani izinkukhu epulazini.
- **Buza,** "Obani abake babona lapho kuthengiswa khona amaqanda amaningi? Kukuphi lapho?"
- **Yisho** ukuthi ngesikhathi esilandelayo bazodlala umdlalo ngendaba.

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo **'p'.**

Mabashaye izandla emisindweni yezinhlamvu.
epulazini >e/p/u/l/a/z/i/n/i/ (9 imisindo)
niwathathephi> n/i/w/a/th/a/th/e/ph/i// (10 imisindo)

Banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwemisindo	
epulazini	a/m/a/q/a/nd/a/
ipani	
popola	
ipeni	
upopo	
ipayipi	
popola	

Esifundweni sesi-5

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku esepulazini


- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abalingiswa kulendaba? Ubani ozoba uKuku, umshayeli weloli, izinkukhu eziphilayo nezihlatshiwe?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza uKuku uma ekhuluma."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandela kwezigameko.

- **Buza,** "Wawungenzenjani uma wawuyinkukhu ubona abantu bedla inyama yenkukhu?"

Umsebenzi 5

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo	Izithombe	Inombolo 1-6
Nathi siyanyamalala.		
Lithuthani leli loli?		
Wagijima uKuku emuva kweloli.		
Sizobafundisa isifundo abantu.		
Ningabe nisanyakaza!		
UKuku wayezimisele ngokufika lapho bezowathulula khona.		

Isihloko sencwadi ‘Imikhiqizo kaKuku’ (Izinga lesi-2)

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Imikhiqizo kaKuku

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
imikhiqizo	uKuku
sinephupho	amaqanda
sizalela	bathole
okhulayo	abanye
emhlabeni	
inzuzo	
nibalulekile	

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Konje sigcine uKuku enzani encwadini yethu yesi-4? Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe wenzani uKuku etafuleni? Usho ngani?"
- **Buza,** "Ingabe basemhlanganweni noma bayadla? Qagela ukuthi izokhuluma ngani lencwadi uma ubheka izithombe zekhava?"
- **Babonise** igama, **'imikhiqizo'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- **Yethula** isihloko sencwadi, **'Imikhiqizo kaKuku'.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Lencwadi eyesi-5, ikhona eyodwa esele yezinga lesibili. Sizoyifunda uma siqeda le. Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** incwadi yabhalwa ngo 2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi, ISBN.

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe ukuphi la uKuku futhi ukhuluma nobani. Ucabanga ukuthi uthini kulaba bantu?"
- **Babonise** igama, **'nabanikazi, benkampani'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- Abaqagele kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo**.**

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza**, "Ingabe kwenzakalani? Ucabanga ukuthi uthini uKuku kulaba bantu? Bheka ukuthi yini le ababonisa yona uKuku?"
- **Babonise** amagama, '**sinephupho, iphupho'** chaza ukuthi kuyini.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi bazothini laba bantu kuKuku?"
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kukuthi bayohlala phansi.

Imikhiqizo kaKuku > 2 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.
imikhiqizo> i/m/i/kh/i/q/i/z/o/ (9 imisindo)
kaKuku> k/a/K/u/k/u/ (6 imisindo)

Umsebenzi

Banikeze lomsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Cozulula amagama ngokwemisindo	
kaKuku	k/a/K/u/k/u/
imikhiqizo	
sinephupho	
sizalele	
lemindeni	
amaqanda	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**imikhiqizo kaKuku'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 2 ne-3

Bakhumbuze la nigcine khona.

- **Buza,** "Ingabe bamangele noma jabulile laba bantu, usho ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "Kw**enzekani la? Ucabanga ukuthi uthini manje uKuku? Simayelana nani isithombe?"
- **Babonise** amagama '**okhulayo, emhlabeni' Chaza** kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe uthini lo omile? Ingabe uKuku uzokuthanda lokhu akushoyo lomuntu?"
- **Babonise** amagama **'ithuba, siyabonisana, ngokuthula'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ingabe uthini uKuku njengoba sengathi bamupha ummbila? Konje siwuthathaphi ummbila? Badlani laba abasetafuleni? Ingabe uzothini uKuku ngamaqanda akhe abawadlayo?"
- Babonise amagama **'okudaliweyo, bafuya'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Kwenzakalani manje futhi ucabanga ukuthi uthini uKuku?"
- **Babonis**e amagama '**badayisa, inzuzo**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Kwenzakalani manje la? Ucabanga ukuthi uthini kuthiwani ngalezi zinsiba? Ingabe bakha ini ngazo?"
- **Babonise** amagama '**izinsiba, siyahlobisa' chaza** kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina lapha. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba izophela kanjani."

Basize bakwazi ukuzwa nokucozulula imisindo yezinhlamvu emagameni. bashaye izindla emisindweni yezinhlamvu.

sinephupho > s/i/n/e/ph/u/ph/o/
lemindeni, okhulayo, nomndeni, emhlabeni, ukusinikeza, ithuba

Emva kokubasiza banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa imisindo yamagama	
sinephupho	> s/i/n/e/ph/u/ph/o/
lemindeni	
okhulayo	
nomndeni	
emhlabeni	
ukusinikeza	
ithuba	

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** indaba.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Imikhiqizo kaKuku'.**
- **Buza,** "Ingabe ikhuluma ngani lendaba njengoba sizibonile izithombe?"
- **Bafundele** isihloko sencwadi**.**

Vula ikhasi -1

- Bafundele umusho.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi babexoxa ngani uKuku nabanikazi benkampani yamaqanda? Usho ngani?"
- **Bakhumbuze** amagama, **'nabanikazi, benkampani'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini lesi-2.**
- **Buza, "**Uthi basuke benani uKuku uma bezalela amaqanda? Ingabe lithini lelo phupho?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini lesi-3.**
- Buza, "Iphupho elinjani iphupho lemindeni?"
- **Babonise** igama **'lemindeni'** chaza ukuthi kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini lesi-4.**
- **Buza, "**Onjani umndeni okhulayo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini- 5.**
- Buza, "Kusho ukuthini ukungapheli kwegama emhlabeni?"
- **Babonise** igama **'okhulayo'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ingabe babonga ini kuKuku? Elani ithuba abalinikezwe uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -7.**
- **Buza**, "Usho ukuthini ukubonisana ngokuthula? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi okudaliweyo kuphila ngokunye? Yini ephila ngenye ummbila nenkukhu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -9.**
- **Buza**, "Yini imikhiqizo yezinkukhu?"
- **Babonise** uphawu **'.' ungqi,** chaza usebenza kanjani.
- **Yisho, "**Sizogcina la namuhla, siyoqhubeka sizwe ukuthi ingabe uKuku uzogcina ewatholile amaqanda abo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abangakwazi ukuwafunda.




Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.




Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Banike umsebenzi uma sebeyohlala phansi. Abaqale ukuzakhele esabo isichazamazwi ngamagama amasha asendabeni.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo yawo

Ulwazimagama	incazelo
okudaliweyo	Into eyenziwe umdali
imikhiqizo	Izinto eziphuma kwenye into.
siyabonisana	Ukukhuluma imibono yakho komunye
ngokuthula	Ukukhuluma kahle ningalwi
ithuba	Isikhathi ositholayo

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Imikhiqizo kaKuku'**

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani la? Batholani abantu abafuya izinkukhu? Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo? Konje sithe lusho ukuthini lolu **phawu '.'**?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza,** "Bathola ini abadayisa amaqanda? Kuyini **inzuzo**?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Yini enye ewumkhiqizo wezinkukhu? Qagela ukuthi yini enye azoyisho uKuku engumkhiqizo wezinkukhu?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 12.**
- Buza, "Yini omunye umkhiqizo wezinkukhu? Bazenzani izinsiba?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza,** "Ingabe kuthiwa bazenzani izimpaphe?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Qagelani ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi nibalulekile? Ucabanga ukuthi uzizwa kanjani uKuku uma bethi izinkukhu zibalulekile? Sifundo sini enisithola kulendaba?"
- **Yisho** ukuthi ngesikhathi esilandelayo bazodlala umdlalo ngendaba.

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona imisindo yezinhlamvu emagameni anomsindo **'z'.**

Mabashaye izandla emisindweni yezinhlamvu.
izinkukhu >i/z/i/nk/u/kh/u/ (7 imisindo)
nabanikazi> n/a/b/a/n/i/k/a/z/i/ (10 imisindo)

Banikeze umasebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwemisindo	
inzuzo	i/nz/u/z/o/
sizalela	
imikhiqizo	
ukusinikeza	
izinto	
yazo	
eziningi	

Esifundweni 5

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku esepulazini

- **Yisho,** "Namuhla sidlala umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abalingiswa kulendaba? Ubani ozoba uKuku, abanikazi benkampani, abantu abatshale ummbila nabafuye izinkukhu?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza uKuku uma ekhuluma."

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

- **Buza, "**Wawungenzenjani uma ungabanikazi benkampani yamaqanda kuza inkukhu izokhuluma nani ngamaqanda?"

Umsebenzi 5

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo	Izithombe	Inombolo 1-6
Iphupho lemindeni njengani.		
UKuku waxoxa nabanikazi benkampani yamaqanda.		
Konke okudaliweyo kuphila ngokunye.		
Siyahlobisa futhi ngazo.		
Impela Kuku nibalulekile.		
Abanye bafuye izinkukhu bathole imikhiqizo yazo.		

Isihloko sencwadi ‘Masibambaneni’ (Izinga lesi-2)

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Masibambaneni

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
sihlalisane	masibambaneni
phawula	ezihlanzekile
ngokuthula	amazolo
thembisa	okwanele
ezifuyiwe	kungiphatha
sizonipha	zingagezwa

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Konje sigcine uKuku enzani encwadini yethu yesi-5? Kukuphi lapha uma ucabanga? Ingabe usezokwenzani kulencwadi? Usho ngani?"
- **Buza,** "Ingabe kwenzakalani lapha? Qagela ukuthi izokhuluma ngani lencwadi uma ubheka izithombe zekhava?"
- **Babonise** igama, **'masibambisane' chaza** ukuthi kusho ukuthini.
- **Yethula** isihloko sencwadi, **'Masibambisane'.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Lencwadi eyesi-6, zikhona ezinye zezinga lesithathu. Sizoyifunda uma siqeda le. Yabhalwa abakwa-Shuter & Shooter."
- **Chaza,** incwadi yabhalwa ngo 2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi, ISBN.

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe ukuphi la uKuku futhi ukhuluma nobani. Ucabanga ukuthi uthini kulaba bantu nezinye izilwane? Nisalikhumbula ikati nenja, konje obani amagama abo?"
- **Babonise** igama, **'sizoxoxisana, sihlalisane ngokuthula'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- Abaqagele kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo**.**

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza**, "Ingabe kwenzakalani la? Ucabanga ukuthi uthini uKuku kulaba bantu nezilwane?"
- **Babonise** amagama, '**esifuyiwe, sidingani, kuphawula'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi bazothini laba bantu nezilwane kuKuku? Ingabe usafuna amaqanda akhe? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."**

Basize bakwazi ukuzwa amalunga egama lesihloko bese beshaya izandla kumalunga.

Masibambisaneni > ma/si/ba/mbi/sa/ne/ni/ (7 amalunga)

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Masibambisaneni > m/a/s/i/b/a/mb/i/s/a/n/e/n/i/ (14 imisindo)

Umsebenzi

Banikeze lomsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Cozulula amagama ngokwemisindo	
masibambisaneni	m/a/s/i/b/a/mb/i/s/a/n/e/n/i/
esifuyiwe	
sidingani,	
kuphawula	
sizoxoxisana	
sihlalisane	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Masibambisaneni**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 2 ne-3

Bakhumbuze la nigcine khona.

- **Buza,** "Ingabe bamangele noma bajabulile laba bantu nezilwane, usho ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "Kw**enzekani la? Ucabanga ukuthi uthini manje lomuntu omile?"
- **Babonise** amagama '**siyathembisa, okwanele, nikhiqize**' Chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe uthini uBathathe? Ingabe uKuku uzokuthanda lokhu akushoyo uBathathe?"
- **Babonise** amagama '**kungiphatha kabi, zingagezwa**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ingabe uthini uNono njengoba sengathi uyena okhulumayo?"
- Babonise amagama '**ehlanzekile, amazolo**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Kwenzakalani manje la, ucabanga ukuthi yini le ayakhayo futhi wakhela bani?"
- **Babonis**e amagama '**imizi, sizokwenzenjani**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Kwenzakalani manje la? Ucabanga ukuthi bajabulile yini oKuku ngokuyiswa kwadokotela? Ingabe uyamazi udokotela wezilwane?"
- **Babonise** amagama '**babebonakala, bekhuselekile**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Sizogcina lapha. Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi indaba izophela kanjani."

Basize bakwazi ukuzwa nokucozulula imisindo yezinhlamvu emagameni, bashaye izindla emisindweni yezinhlamvu.

babebonakala > b/a/b/e/b/o/n/a/k/a/l/a/ (12 imisindo)

ehlanzekile, amazolo, siyathembisa, okwanele, nikhiqize, kungiphatha kabi, zingagezwa

Emva kokubasiza banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa imisindo yamagama	
ehlanzekile,	e/hl/a/nz/e/k/i/l/e/
amazolo	
siyathembisa	
okwanele	
nikhiqize	
kungiphatha	
zingagezwa	

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** indaba.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Masibambaneni'.**
- **Buza,** "Ingabe ikhuluma ngani lendaba njengoba sizibonile izithombe?"
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi -1

- Bafundele umusho.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi babezoxoxisana ngani, Usho ngani?"
- **Bakhumbuze** amagama, **'sizoxoxisana, sidingani, sihlalisane ngokuthula'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini lesi-2.**
- **Buza, "**Obani abafuyiwe la? Ucabanga ukuthi yini abayidingayo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini lesi-3.**
- **Buza,** "Ingabe uNono uyavumelana noKuku noma uyamphikisa?"
- **Babonise** igama **'kuphawula'** chaza ukuthi kusho ukuthini**.**

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -4.**
- **Buza, "**Abantu bathembisa ukuthini? Bathembisa obani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -5.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi nikhiqize? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini lesi-6.**
- **Buza, "**Ubani lo okhuluma ngezingane zakhe? Uthi yini emphatha kabi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini- 7.**
- Buza, "Kusho ukuthini ukuthi zigodola?"
- **Babonise** igama **'zigodola'** chaza ukuthi kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8.**
- **Buza, "**Ubani lo othi ufuna indawo ehlanzekile? Enjani indawo ehlanzekile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -9.**
- **Buza**, "Yini amazolo futhi ubani lo ongawafuni?"
- **Babonise** uphawu **',' ukhefana,** chaza usebenza kanjani.
- **Yisho, "**Sizogcina la namuhla, siyoqhubeka sizwe ukuthi ingabe izilwane nabantu bagcine bevumelana ukuhlalisana kanjani?"

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abangakwazi ukuwafunda.




Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.




Umunwe ophakathi –

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Banike umsebenzi uma sebeyohlala phansi. Abaqale ukuzakhele esabo isichazamazwi ngamagama amasha asendabeni.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo yawo

Ulwazimagama	incazelo
Sixoxisane	Ukukhulumisana ngento ethile
imikhiqizo	Izinto eziphuma kwenye into.
esifuyiwe	Isilwane esigciniwe ekhaya
nikhiqize	Into evela kwenye
amazolo	Amanzi aba sotshanini uma kade lina

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Masibambisane'**

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Konje sigcine kwenzakalani la? Konje ubani lo othi akafuni amazolo? Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo? Konje sithe lusho ukuthini lolu **phawu ','**?"
- **Yisho,** "Ngicela silunake futhi siphumule kancane kulo uma sifunda."

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza,** "Eyobani lemizi abayilungisayo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Ekabani lendlu uma ucabanga? Qagela ukuthi bazokwenzenjani uma zigula izilwane?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 12.**
- Buza, "Babejatshuliswa yini oKuku uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhuseleka?"
- **Buza**, "Qagelani ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Obani laba abaziqhenya ngoKuku? Kusho ukuthini ukuziqhenya ngomuntu?
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- Sifundo sini enisithola kulendaba?"
- **Yisho** ukuthi ngesikhathi esilandelayo bazodlala umdlalo ngendaba.

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona imisindo yezinhlamvu emagameni anomsindo **'s'**.

Mabashaye izandla emisindweni yezinhlamvu.
sizoxoxisana > s/i/z/o/x/o/x/i/s/a/n/a/ (12 imisindo)
siyaziqhenya> s/i/y/a/z/i/qh/e/ny/a/ (10 imisindo)

Banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwemisindo	
sihlalisane	s/i/hl/a/l/i/s/a/n/e
nisuse	
siphile	
sidinga	
sibheka	
sizonipha	
sihamba	

Esifundweni 5

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku esepulazini


- **Yisho,** “Namuhla sidlala umdlalo ngendaba.”
- **Buza**, “Obani abalingiswa kulendaba? Ubani ozoba uKuku, abantu abafuye izilwane, uNono noBathathe?”
- **Buza**, “Ubani ozoxoxa indaba?”
- **Yisho,** “Abanye bazosiza uKuku, uNono noBathathe uma ekhuluma.”

Awuqale-ke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

- **Buza,** “Wawungenzenjani uma wawungabantu abafuye izilwane uma izilwane zifuna amalungelo azo?”

Umsebenzi

Hlela lezi zigameko ngokulandelana kwazo

Izehlakalo	Izithombe	Inombolo 1-6
Sizobheka ukuthi sifunani thina esifuyiwe		
Namhla sizoxoxisana ukuze sihlalisane kahle.		
Mina ngifisa indawo ehlanzekile.		
Asiqale manje silungise imizi yabo.		
Babezizwa bekhuselekile impela.		
Sizokwenzenjani uma begula?		